



**USIMPHIWE** Majoz onenkampani efaka o-ceiling board usegqungquzole Intsha ukuba Ingene emabhzinzini ewathandayo      Isithombe: SITHUNYELWE

# USimphiwe uyibambe noyise kowama-ceiling board

**BONISWA MOHALE**

**USOMABHIZINISI** osemncane usedonse ngendlebe ontanga yakhe ukuba bayeke ukukhangeza kubazali kodwa basukume bazizamele ukuze baqede inhlupheko. UMnuz Simphiwe Majoz (24) unebhizinisi lokufaka o-ceiling board alisungula ngo-2002 elekelelwa nguyise. Leli bhizinisi iJoz Bros Decorated Ceiling Boards and Roofing lenza o-ceiling board abahlotshisiwe kuhle kwalabo abatholakala emahhotela nasezindaweni zomntakabani. Ngokusho kukaSimphiwe ukungena kuleli bhizinisi kwakulula ngoba wathola icebo ngesikhathi kufike abantu ababezolungisa u-ceiling board kubo. "Ngababuza ukuthi ufakwa kanjani, zitholakala kuphi izinsiza kusebenza nokunye okuningi. Ngabe sengikhuluma nobaba ngimcela ukuthi asivule eyethu inkampani sitholele abantu umsebenzi. Ubaba wangivumela sayivula le nkampani manje sesinabasebenzi abahlana," kusho uSimphiwe. Uthe uma bematasa bakwazi ukwakha amatoho

amahlanu kodwa bona baqashe ngokugcwele abantu abahlana. Osomabhizinisi abancane bavamise ukukhala ngemali yokuqala ibhizinisi, uSimphiwe uthi yayingeyona inkinga ngoba waqala ukubeka imali eseneminyaka engu-14 ayeyinikwa ngabazali ukuba ayidle esikoleni. Le malu wayengayidli kodwa wayeyibeka ukuze athenge izinto azidingayo. Uthi lo mkhuba ukhule nawo kwaze kwafika isikhathi sokuthi aziqalele ibhizinisi. Ube eseveza ukuthi ibhizinisi lakhe lihle ngoba alidingi ukuthi ahlale esehhovisi kodwa okubalulekile wukuthi ahambise abasebenzi noma kuphi lapho bedingeka khona. "Ngisebenzisana nobaba ebhizinisini kwesinye isikhathi nguye ohambisa abasebenzi uma ngimpintshekile. Engikuthandayo ngalo wukuthi akufanele uhlale phansi kodwa uhlale uhamba izindawo ezahlukene ufaka o-ceiling board," kusho uSimphiwe. Ebuzwa ukuthi wafundelani esikoleni, uthe ukuthi wenza izifundo ze-Maritime e-Durban University of Technology wabe esethola umfundaze eTransnet.